**IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni**

***04/2013 Intshumayelo ngesonto 4 esikahtini seAdvente, ngomhla ka 23. 12. 2012***

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 35/38

2. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, uthumile iNdodana yakho, yona ifikile emhlabeni ukuzosindisa thina zoni. Siyabonga, siyadumisa wena. Siyacela kuwe ukuba namhla uzivulele wena izinhliziyo zethu, ungene kuzo, Nkosi kanye neNdodana yakho eyiwundlu elisusa izono zethu, eyiNgonyama ephezu kwezingonyama zonke emhlabeni. Siphe-ke Nkosi, umusa nokwenama kwakho ngayo iNdodana yakho uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseFilipi 4:4-7;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 1:39-56.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 39/42

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJohane 1:19-28, lithi: “Lokhu kungubufakazi bukaJohane, mhla abaJuda bethuma abapristi namaLevi bephuma eJerusalema ukuba bambuze ukuthi: Wena ungubani na? Wavuma, kaphikanga, wavuma wathi: Angisiye uKristu mina. Bambuza bathi: Uyini pho? UnguEliya na? Wathi: Angisiye. UngumProfethi na? Waphendula wathi: Qha. Basebethi kuye: Ungubani na? ukuze sibaphendule abasithumileyo; uzisho ukuthi ungubani na? Wathi: Ngiyizwi lomemeza ehlane, ethi: Lungisani indlela yeNkosi, njengalokho washo uIsaya umprofethi. Labo ababethunyiwe babevela kubaFarisi. Bambuza-ke, bathi kuye: Pho, ubhapathizelani, uma ungesiye uKristu, noEliya, nomProfethi, na? UJohane wabaphendula wathi: Mina ngibhapathiza ngamanzi; umi phakathi kwenu eningamaziyo: yena ozayo emva kwami omchilo wesichathulo sakhe ngingafanele ukuwuthukulula. Lokho kwenzeka eBethabara ngaphesheya kweJordani, lapho uJohane wayebhapathiza khona.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, siphakathi komnyango womkhosi wokukhumbula ukuzalwa kukaJesu uMsindisi wethu. Yebo, kungathi indlela isiyagcina lapha. Kanti qha. UJohane umbhapathizi wabe engumuntu omangalisayo emhlabeni wabaJuda. Bafuna ukumazi ngokwempela ukuthi ungubani. Wathi-ke uma bembuza: Angisiye uKristu mina. Ngakho wayeyisikhonzi, nomlungisi wendlela kaJesu ezinhliziyweni zabantu. Yingakho azithoba phambi kukaJesu, ngoba siyamuzwa ethi: Akafanele nokukhumula umchilo wezicathulo zakhe uJesu. Wena usuyilungisele yini ukuzithoba nokukhothama phambi kweNkosi uJesu na? Thokoza-ke ngeNkosi yakho, ekuthokozeni kuzovela ukungakhathazeki. Ngakho ake sifune kuqala umbuso kaNkulunkulu kanye nokulunga kwawo!

1. Umuntu ufanele ukuzazi yena uqobo. Wena ungubani na? Wena uqobo uyazazi na? Nokuthi ungubani? Cabanga ujule kahle kulendaba. Ngicabanga ukuthi mithathu imibuzo efanele ukuphendulwa yimi nawe namhla. Ukuthi wawuyini, manje uyini nokuthi uzoba yini? UJohane wayezwile ukuthi abantu bayalinganisa bathi: Kungaba uKristu, kodwa yena wathi: Akasiye, bambuza ukuthi: UnguEliya yini? Umprofethi uMalakhi asho ngaye ukuthi uzofika ungakafiki usuku lukaJehova azojezisa ngalo isizwe, Mal. 4:3. Nalapho uJohane walandula, bambuza ngokwesithathu ukuthi, ingabe ungumProfethi uMose akhuluma ngaye kuDut. 18:15? Kodwa uJohane wakuphika konke lokhu. Mina ngokwami-ke ngithanda ukuvuma kanye noPetru ukuthi: Phendukani, niguquke ukuba kuhlangulwe izono zenu, ukuze kufike izikathi zokuhlunyelelwa ezivela ebusweni beNkosi nokuba ithume uKristu Jesu enimiselweyo," izE. 3:19-20.

NjengoJohane, ungayiphendula lemibuzo engenhla, kodwa-ke ekukhanyeni kobuso bukaNkulunkulu, lapho-ke uzobona ukuthi wawuyisoni esingenathemba, umuntu wokulahlwa nowokufa. Muntu kaNkulunkulu, uma usuphendukile wazibona kahle; uzobese ubona ukuthi noma uyisoni, uyisoni esisindisiwe ngomusa kaNkulunkulu, nokuthi uyoba indlalifa yasezulwini. Ngithi-ke oseqale ukubuza ukuthi uyini, uzoqhubeka ngokukhuluma ngezindaba zikaNkulunkulu. Futhi ngoba ubona ukuthi uyisoni; qala namuhla ukufuna uMsindisi ukuze nawe uthethelelwe izono zakho. Khumbula ukuthi uJesu wathi abaphilayo abasweli inyanga, kodwa iziguli ziswela inyanga. Namhla ngibona siyiziguli sonke eziswela inyanga ukuba izinyange. Siguliswa izono, amathambo aphukile, amalungu omzimba abuhlungu, ngenxa yobuthi uSathane asidlise bona. Lobuthi bunganyangwa nguJesu kuphela. Yana kuye, uzophiliswa!

2. Umuntu ozaziyo uyazithoba, bazalwane! UJohane owayezazi wazithoba wathi ngiyizwi nje lomemezayo ehlane. Futhi angifanele nokukhumula umchilo wezicathulo zakhe. Ngani na? Ngoba ezazi ukuthi noma ephathiswe uNkulunkulu uyisoni ngokwempela esiswela umusa nententhelelo yezono. Futhi akashongo ukuthi, uyisithunywa sikaNkulunkulu ngingozomlungisela indlela, kodwa wazithoba. Sithola ukuthi uJohane uyizwi nje kuphela. Ngelinye ilanga wakhomba uJesu ngamazwi okuthi: “Umelwe ukukhula yena, nginciphe mina.” Wazishaya into engelutho. UJohane wabatshela ukuthi kufanele baphenduke, nathi uqobo ukuphenduka kusifanele nokuthi sivume izono zethu. Ukuphenduka kwakho nokwami kuzobonakala ngokuthi sicwilise loAdamu wethu emanzini ombhapathizo imihla ngemihla, acwiliswe ngokuminziswa nangokudabuka, nangokuphenduka imihla ngemihla, afe nezono zonke. Bese kuvuka umuntu omusha, ahlale ehlanzekile ongokaKristu njalo, ukuze sithethelelwe izono ngaye uJesu Kristu uMsindisi wethu. Wena awuthandi yini ukucwilisa uAdamu wakho na? Nami luqobo ngiyathanda ukuba acwiliswe ngokuphenduka, nangokudabuka, ukuze kuvuke umuntu omusha enhliziyweni yami onguKristu uqobo. Umuntu-ke noma engubani, uma ezibuka esibukweni, futhi uzoqhutshwa iqiniso lokuthi akanto yalutho, kodwa uzoba yikho uyikho ngomusa kaNkulunkulu kuphela. Woza-ke kuJesu nawe namhla, uthanda ukukuthelelela izono zakho.

Thina sonke, bandla! Kufuneka ukuba siphenduke ngokwamukela uJesu nomusa wakhe, kanye nomsebenzi wonke asenzele wona esiphambanweni. Khumbula igazi lakhe elachithwa ngenxa yami, ngenxa yakho. Uthini ngalo? Lanele ukusula zonke izono zomuntu. Thina asizukulandela uJohane, sizolandela uJesu ongozayo, nosefikile. Nango-ke esemusho uJohane ethi: “Umi phakathi kwenu eningamaziyo,” namanje umi engqongqotha ezinhliziyweni zethu, ufuna, ucela ukungena kuzo. Wena uthini? Mvulele! Vulekani minyango noma masango, nani minyango yaphakade, vulekani, ukuze ingene iNkosi yokuthula konke. Hlobisani ngalesikhathi amakhaya ayizinhliziyo zenu ngoJesu uMsindisi. Yeka umusa nothando lukaNkulunkulu esidlala ngakho!

3. Umuntu ozaziyo ngalendlela, uzofinyelela ekumazini uNkulunkulu nomusa wakhe. UJohane uthi: AbaJuda babengamazi uJesu, nathi asimazi, futhi babengathandi ukumazi, njengoba nathi uqobo asithandi ukumazi uJesu onomusa nothando olungaka. Babengaziboni ukuthi bayini, njengoba nathi singaziboni ukuthi siyini? INkosi uJesu waze wathi, nanamhla usho kimi nakuwe ukuthi: “Anazi nami noBaba, uma beningazi mina beniyakumazi uBaba.” Nakumfundi wakhe uFilipo wathi: “Isikhathi esingako nginani awungazi, Filipo na? Wena ngabe usuyamazi uJesu na? Nanamhlanje, uJesu noma emi phakathi kwethu akaziwa, futhi asimazi, asimvumi ngenkambo yethu, nangokukholwa kwethu. Nabaningi abamvumayo

ngomlomo abayazi intando yakhe, ngoba bengenzi lokhu uJesu abatshela khona. Sengathi singavuka sifune uJesu namhla, isitha siseduze njalo, isikhathi sifushane. Kusasa kungaba sesidlulile emhlabeni. Ukukhanya kusekhona ezweni, sondelani kukho ukukhanya. Nisenokukhanya, kholwani ngukukhanya, ukuze nibe ngabantwana bokukhanya. Ohamba ebumnyameni akazi ukuthi uyaphi. Pho, uhambelani ebumnyameni na? Uyazi yini ukuthi ngoba uhamba ebumnyameni uyaphi? Ukuhamba ebumnyameni kuhambelana nokwenza imisebenzi yabo ubumnyama, ezithelo zayo zingukufa. UJesu uza kithi, kufanele simazi, nxa efika. Mawumazi, ubone ukuthi uyiNkosi, bese uzithobela iNkosi yakho emnene. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siphe ngomusa wakho ukuba sikwazi ngokweqiniso. Ngena emakhaya ethu, ezinhliziyweni zethu, ubuse khona. Khanyisela labo abasahamba ngendlela yokufa, yobumnyama, basize ukuba nabo babone wena, Nkosi ongukukhanya kwezwe. Siphe ngomusa ukuba sigubhe umkhosi wakho wokukhumbula ukuzalwa kwakho osukwini lwangomusa ngokuthula okuvela kuwe. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 34/37

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-200o/206 ngu–E. Mkhabela

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.